

Ibuyekeziwe  
- Ihambisana  
ne-CAPS

Ibanga **R**  
**INCWADI YESI-2**



Igama:  Iklasi:



basic education  
Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**INCWADI YESISIZULU**  
Incwadi yesi-  
**2**  
Ithemu 2

Rainbow  
WORKBOOKS

ZULU  
GRADE R – BOOK 2  
TERM 2  
ISBN 978-1-4315-0703-0  
THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.  
7th Edition





UNKk Angie Motshekga,  
uNgqongqoshe weMfundo  
eyiSesekelo.



UMnu Enver Surty,  
iSekela loMnyango  
weMfundo eyiSesekelo.

Lezi zincwadi esizibiza ngeRainbow Workbooks esizenzele ukwamukela laba abancane (beBanga R) ziyingxeny ebalulekile yoMnyango weMfundo Eyisesekele, ngoba kuhloswe ngazo ukuhlumelelisa ukufunda kwalaba bantwana baseNingizimu Afrika. Uphenyo lusiqinisekile ukuthi abantwana abaye banikwa ithuba lokufunda ngale ndlela ngaphambi kokuyoqala iBanga loku-1, bafunda kangcono naseminyakeni elandela lapho – emazingeni aphantsi kanye nakwamaphakathi. Kungakho kusungulwe lolu hlelo lokufundisa iBanga R ngale ndlela.

Izinto ezifundiswa emaBangeni aPhansi zikhombisa ukuthi kuyadingeka umntwana owenza iBanga R ukuthi anikezwe ithuba lokufunda, lokubhala kanye nelokubala, bese liqhakambisa futhi ukuthi laba bantwana bazodinga ukwenzela isesekelo esiqinile semfundo ukuze kube lula ukufunda uma befika eBangeni loku-1 nangaphezulu.

Lezi zincwadi zeBanga R zenziwe zaba nenjongo yokusiza abantwana ukuthi bakhulise lolu hlobo lwamakhono kanye nezinto zokuqala ezibalulekile empilweni yabo kwezemfundo. Ngaleyo ndlela kwakheka isesekelo esinqala ekufundeni kwabo. Kanti-ke lezi zincwadi ziveza amathuba amaningi okuthi abantwana bakhule bekujwayele ukusebenzisa amakhono abalungiselela imfundo yasesikoleni elandelayo.

Ngaphambi kokuthi laba bantwana balolongelwe ukufunda badinga ukusizwa bazi kuqala ukuthi incwadi ibanjwa kanjani, aphenkulwe kanjani namakhasi ayo. Badinga ukwenziwa baqonde ubuhlobo obukhona phakathi kwamagama nezithombe ezisencwadini, bese beqonda futhi ukuthi amakhasi aqakethe amagama anemisindo nencazelo yalawa magama. Ngakolunye uhlangothi, kumele ngaphambi kokufunda ukubhala, umntwana akwazi ukuthuthukisa intshisekelo yemvelo yakhe yokuhlela kahle izinto, azijwayeze indlela izimo ezakheke ngayo, asuke kulokho azijwayeze ukubumba izinhlamvu. Yiwo-ke amakhono lawa lezi zincwadi ezihlelelwe ukuwathuthukisa ebantwaneni.

Siyazi ukuthi abantwana abakhuli ngomfutho nesivinini esifanayo kuleli Banga lika-R. Lezi zincwadi zihlelelwe ukukwazi ukusiza uthisha ukuthi asebenze ngokubambisana nomntwana esivinini sakhe, kuze kuthi noma kuvela isidingo, ahlehle naye umntwana encwadini, athathelele, bese ebuya naye futhi ehlabela phambili, amthuthukise ngesivinini adaleke ukuthi athuthuke ngaso. Imisebenzi yokwenziwa kulezi zincwadi iyamelekelele uthisha ukuvundulula izingqinamba anokuhlangabezana nazo umntwana ohambeni lwakhe ngokwemfundo, ukuze lezo zingqinamba zikwazi ukugotshwa zisagobeka kumntwana, angaze aqale imfundo esemthethweni zisekhona.

Lezi zincwadi zididiyela ukufunda, ukubala kanye namakhono, okwethulwa ngezindikimba ezingama-20, ezinezinto zokuzijabulisa ezibahehayo abafundi ukuthi bawunake bawujabulele umsebenzi okuzo. Sinethemba lokuthi abafundi bazokuthokozela ukusebenzisa lezi zincwadi ngenxa yemisebenzi ekuzo ngenkathi bekhula bethuthuka emfundweni. Kanye nokuthi-ke nawe njengothisha wabo, uzozibandakanya kanye nabo kukho konke lokhu.



## Izinombolo

1 	2 	3 	4 	5 
6 	7 	8 	9 	10 



## Izimo nemibala

indilinga 	kumise kweqanda 	unxantathu 
ibomvu	kuphuzi	usasibhakabhaka
isikwele 	isatshani	unxande 
		usawolintshi



Published by the Department of Basic Education  
222 Struben Street  
Pretoria  
South Africa

© Department of Basic Education  
Seventh edition published in 2017

ISBN 978-1-4315-0703-0

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

This book may not be sold.

# Ibanga **R**

INALOKHU:

- Ulimi
- Izibalo
- Amakhono empilo

## I n c w a d i yesizulu

1	Ikhaya lami .....	2
2	Ukuphepha .....	14
3	Umndeni wami .....	24
4	Izinzwa .....	34
5	Isimo sezulu .....	42



Imiyalelo yezinto ezisikwayo  
ingasekugcineni kule ncwadi.



Amazwi abhekiswe Kofundisayo:

Abafundi badinga ukuzijwayeza umsebenzi ngaphambi kokuthi benze imisebenzi yokwenziwa esezincwadini zabo zokusebenzela. Isibonelo:

- Uma kudingeka abafundi bakokelezele impendulo efanele, bacebise ukuthi babeke uphawu kuqala empendulweni efanele. Kumele babuze uthisha ukuthi yimpandulo efanele yini leyo ngaphambi kokuthi bayibhale ezincwadini zabo.
- Uma umsebenzi udinga ukuthi abafundi babhale phezu kokubhaliwe noma okudwetshiwe (bathreyise), mabakwenze ngeminwe lokhu kuqala ngaphambi kokukwenza ngepeni.

Qaphela lokhu: Abafundi bathuthuka ngezindlela ezahlukahlukene.

Uma ubona ukuthi abanye abafundi basadinga ukusizwa ukuze bathuthuke ngokwamakhono, badedele basebenzise izincwadi zokubhalela (exercise books) ezinemigqa baze bakwazi ukubhala ezincwadini zokusebenzela (workbooks).



# UTUNZ

Incwadi  
yesi-

2


Ithemu 2

# Ikhaya lami

Namathisela izitikha ezikhaleni ezifanele.







Namathisela izitikha bese ukhuluma ngokuthi abantwana benzani. Yini owusizo ngayo ekhaya? Yini oyenza ekhaya ukuzijabulisa nje?





Igama lami ngingu-:



UTHISHA: Ukusayina

Usuku



Masibhale

Qoqa ekamelweni. Sebenzisa izitikha ukufaka amathoyisi ebhokisini, ufake izingubo ekhabetheni, ufake ukudla efrijini. Siqalile ukukusiza kodwa nawe kumele uqoqe okunye ukubeke kahle.

### ibhokisi lamathoyisi



### ikhabethe






1.2

Namathisela izitikha ezikhaleni ezifanele.



ifriji



UTHISHA: Ukusayina

Usuku



1.3



Masikhulume

Yisho ukuthi isithombe ngasinye sijini. Lalela imisindo bese usho ukuthi yini umsindo wokugcina uzwakala ngokwehlukile emugqeni ngamunye. Sika lezi zithombe ekhasini elinezinto zokusikwa bese uqhathanisa.



1.4



Masenze lokhu

Sebenzisa imibala yezingane emihlanu, uzisize ngayinye, zifike emakhaya azo ziphephile.



UTHISHA: Ukusayina



Usuku






Masibhale

Hambisa umunwe phezu kohlamvu. Qala echashazini ujikeleze.




Dweba phezu kwenyoka kuze kwakheke uhlamvu **S**.



Bhala igama lakho unamathisele isitikha emsebenzini omuhle.

Large empty rectangular box for writing a name.





Masibhale


Cwalisa uhlamvu **S** bese ulalela umsindo ngenkathi ufunda amagama ngokuzwakalayo.

i s elei s angoi s ondoi s ontoi s icabhaamasokisi






Masibale

Beka uphawu emabhulokhini anezinto ezi-4 kuwo. Shaya izandla kanye njalo uma ubona into ethile.



Zijwayeze ukubhala lezi zinombolo.



1.8




Igama lami ngingu:-



Masibhale

Thola olunye uhlangothi lwesithombe ulufake umbala.



UTHISHA: Ukusayina

Usuku



Masicule

## Lena yindlela


Lena yindlela esiwasha ngayo izimpahla,  
Esiwasha ngayo izimpahla, esiwasha ngayo izimpahla,  
Lena yindlela esiwasha ngayo izimpahla  
Ekuseni ngoMsombuluko.



Lena yindlela esi-ayina ngayo izimpahla,  
Esi-ayina ngayo izimpahla, esi-ayina ngayo izimpahla,  
Lena yindlela esi-ayina ngayo izimpahla  
Ekuseni ngoLwesibili.



Lena yindlela esishanela ngayo phansi,  
Eshanela ngayo phansi, esishanela ngayo phansi  
Lena yindlela esishanela ngayo phansi  
Ekuseni ngoLwesithathu.



Lena yindlela esiwasha ngayo amabhodwe,  
Esiwasha ngayo amabhodwe, esiwasha ngayo amabhodwe,  
Lena yindlela esiwasha ngayo amabhodwe,  
Ekuseni ngoLwesine.



Lena yindlela esihlanza ngayo indlu,  
Esihlanza ngayo indlu, esihlanza ngayo indlu,  
Lena yindlela esihlanza ngayo indlu,  
Ekuseni ngoLwesihlanu.



Lena yindlela esibhaka ngayo amakhekhe,  
Esibhaka ngayo amakhekhe, esibhaka ngayo amakhekhe,  
Lena yindlela esibhaka ngayo amakhekhe,  
Ekuseni ngoMgqibelo.



Lena yindlela esiya ngayo esontweni,  
Esiya ngayo esontweni, esiya ngayo esontweni,  
Lena yindlela esiya ngayo esontweni,  
Ekuseni ngeSonto.

Masikhulume

Khuluma  
ngemisebenzi  
oyenza ekhaya.





Masenze lokhu

Namathisela izitikha ezindaweni ezifanele ebhokisini.  
Yisho ukuthi ithoyisi ngalinye likuphi.

Namathisela  
izitikha  
ezikhaleni  
ezifanele.

phezulu

ngaphakathi

ngaphambili

eduze



Igama lami ngingu-:


2



# Ukuphepha



## Ukuphepha ekhaya







Masikhulume

Buka izitikha usho ukuthi kumele wenzeni ngalezi zinto ukuze uhlale uphephile.

Namathisela izitikha ezikhaleni ezifanele.



Masikhulume




Buka lesi sithombe bese usho ukuthi laba bantwana benzani eyingozi. Beka isitikha esibomvu ukukhombisa ukuthi benzani engaphephile. Yini oyenza ekhaya engaphephile? Yini oyidlala ungekho ekhaya engaphephile?





Masibhale

a



i-aphula

Hambisa umunwe phezu kohlamvu. Qala echashazini ujikeleze. Qala echashazini wehle.




Thungatha uhlamvu.






Masibhale

Gcwalisa uhlamvu **a** bese ulalela umsindo njalo uma ufunda leli gama kakhulu.

 <p>um <u>a</u> m <u>a</u></p>	 <p>in <u>a</u> liti</p>
 <p>isinkw <u>a</u></p>	 <p>id <u>a</u> d <u>a</u></p>
 <p>ub <u>a</u> b <u>a</u></p>	 <p>uN<u>a</u> n<u>a</u></p>

Bhala igama lakho unamathisele isitikha emsebenzini omuhle.





Masenze lokhu

Imibala yamarobhothi: Namathisela izitikha ezifanele emarobhothini.



Masikhulume

Chazela umngani wakho ukuthi zisho ukuthini lezi zimpawu.



2.4



Masenze lokhu

Thola izinombolo kulolu cingo. Gcinezela izinombolo ngokulandelana kwazo.

\_\_\_\_\_




# Ukuphepha ngaphandle



Masikhulume

Xoxa ngokuthi kungani kungaphethile ukudlalela kulezi zindawo.



\_\_\_\_\_

\_\_\_\_\_

2.5



Masibale

Igundwane lifuna oshizi aba-5.




			
			

Unogwaja ufuna okherothi aba-5 (hlanu). Kokelezela inombolo uphinde udwebe phezu kwayo.




					

Intombazana ifuna amakhekhe ama-5. Kokelezela inombolo uphinde udwebe phezu kwayo.






 Zijwayeze ukubhala lezi zinombolo.





Masibale

Bala izinto ezisebhokisini ngalinye.  
Yisho ukuthi yiliphi ibhokisi elinezinto eziningi nelinezinto ezimbalwa.



Masibhale

Thola uphinde ukokelezele izithombe ezifana nezithombe ezisebhokisini lokuqala.



2.7



Masibhale

Thola u-**a** kanye no-**s**.




Masibhale

Buka izithombe, usho ukuthi zinegama elino-**s** noma no-**a**.  
Thola uhlamvu olufanele.




Masibale

Thola ukuthi kunezilwane ezingaki emgqeni ngamunye.  
Bese ufaka umbala echashazini uphinde uthole inombolo.

--	--

<input type="radio"/> <input type="radio"/>	

<input type="radio"/> <input type="radio"/> <input type="radio"/>	

<input type="radio"/> <input type="radio"/> <input type="radio"/> <input type="radio"/>	

<input type="radio"/> <input type="radio"/> <input type="radio"/> <input type="radio"/> <input type="radio"/>	

3

# Umndeni wami

Namathisela izitikha ezikheleni ezifanele.






Igama lami ngingu--:



Masikhulume

Buka isithombe bese usho ukuthi yibaphi laba bantu abakulo mndeni. Xoxa ngomndeni wakho. Bangaki abafowenu, bangaki odadewenu?



3.1



Masenze lokhu

Dweba isithombe somndeni wakho bese uchazela umngani ukuthi ngobani abasesithombeni ngamunye ngamunye.






Igama lami  
ngingu-:

3.2



Masibhale

Hlanganisa amachashazi. Wafake umbala.



UTHISHA: Ukusayina

Usuku





Masibhale

t



ithende

Bhala phezu kohlamvu ngomunwe. Qala emachashazini.



Thungatha uhlamvu.



3.4




Masibhale

Gcwalisa uhlamvu **t** bese ulalela umsindo ngenkathi uphimisa amagama.



i t afula



isi t ini



u t amatisi



i t hende



i t iye



t e t a

Bhala igama lakho unamathisele isitikha emsebenzini omuhle.

Blank rectangular box for writing.

Blank circular box with a dashed border for drawing.



Masibale

Dweba umugqa uqondanise izithombe nenombolo efanele.  
Thola inombolo. Sebenzisa iminwe ukukhombisa inombolo ngayinye.

1			
2			
3			
4			
5			



Masenze lokhu

Yakha leli phazili.









3.7



Masibale


Nikeza inombolo uphinde ufake umbala:  
Namathisela izitikha ukuqedela  
umswenya.

Namathisela  
izitikha  
ezikhaleni  
ezifanele.



Masikhulume

Sebenzisa izitikha zezimo  
ukwenza isithombe sakho.



UTHISHA: Ukusayina

Usuku





# Izinzwa



Namathisela izitikha ezikhaleni ezifanele.

Ithemu 2 – Isonto 6-10





nambitha



bona



hogela



lalela




thinta



Masikhulume

Buka izithombe bese ukhuluma ngokuthi benzani abantwana. Khomba abantwana abahogelayo, abalalele, ababukayo kanye nabanambithayo.








4.1

Ithemu 2 – Isonto 6-10



Masibhale

Dweba umugqa uqondanise isenzo nezinzwa ozisebenzisayo.



4.2



Igama lami ngingu-:


A large empty rectangular box with a dotted border, intended for writing the names of the sounds shown in the illustrations below.



Masenze lokhu

Kwenzisa msindo muni?


Wenze lowo msindo bese ukokelezela izinto ezenza umsindo omkhulu.







Masibhale

p



Bhala phezu kohlamvu ngomunwe. Qala emachashazini.





Thungatha uhlamvu.






Masibhale

Gcwalisa uhlamvu **p** bese ulalela umsindo ngenkathi uphimisa amagama.

 <p>ipani</p>	 <p>isipuni</p>
 <p>amapali</p>	 <p>upende</p>
 <p>uphopho</p>	 <p>ipiki</p>

Yimuphi umsindo osequaleni egameni lakho?  
bhala igama lakho, lifunde ube ulishayela izandla. Namathisela isitikha somsebenzi omuhle.




















4.5



Masibale









Bala lezi zinto bese ufaka umbala enanini elif anele lamachashazi. Thola inombolo ef anele.





Masibale

Dweba phezu kwenombolo  
Faka umbala enombolweni ef anele emggeni ngamunye.









5



# Isimo sezulu



Hlolisa isimo sezulu esithombeni bese ukhetha isitikha esikhombisayo ukuthi udinga ukugqokani uma izulu likulesi simo.










Masenze lokhu

Namathisela isitikha ukukhombisa ukuthi isimo sezulu sinjani njengasesithombeni.

Namathisela izitikha ezikheleni ezifanele.



Masikhulume

Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.  
Simo sini sezulu esivezwe esithombeni?  
Ucabanga ukuthi iphatheke kunjani intombazana enethayo?  
Kungani usho kanjalo?  
Yiziphi izithombe ezikhombisa ukubanda kwezulu?  
Sigqokani uma kubanda?  
Iyiphi ingane ebukeka ijabulile?  
Iyiphi ingane eyethukile?

5.1



Masibhale



Hambisa umunwe phezu kohlamvu. Qala echashazini wehle.




X

X

X


Dweba iziqu zalezi zimbali.





Masibhale

Gcwalisa uhlamvu **i** bese ulalela umsindo ngenkathi ufinda amagama ngokuzwakalayo.



**i**so



**i**mbal**i**



**i**sele




**i**sango



**i**bhay**i**s**i**k**i**l**i**

Bhala igama lakho unamathisele isitikha emsebenzini omuhle.

Empty rectangular box for writing a name.



Blank box for writing a name.

Blank box for writing a date.





Igama lami ngingu-:




Masicule



Cula iculo elithi  
"Wo sithandwa sami, Nobuhle."

Namathisela  
izitikha  
ezikheleni  
ezifanele.



## Iculo lesimo sezulu

Linjani izulu, linjani izulu, linjani  
izulu namhlanje?

Sitshela Jabu, sitshela Bongu,  
linjani izulu namhlanje?

Liguqubele?  
Liyana?

Liyana ngaphandle namhlanje?

Linomoya?  
Liyakhithika?  
Linjani izulu namhlanje?

Libalele? Libalele?  
Libalele namhlanje?

Yebo libalele, yebo libalele,  
Yebo libalele namhlanje.



5.4



Masibhale

Sinjani isimo sezulu kuleli sonto?  
 Namathisela isitikha endaweni efanale ukukhombisa ukuthi isimo sezulu sinjani osukwini ngalunye lwesonto. Namathisela ubuso ukukhombisa ukuthi yisiphi isimo sezulu osithandayo nongasithandi.


Namathisela izitikha ezikhaleni ezifanele.

uMsombuluko	uLwesibili	uLwesithathu	uLwesine	uLwesihlanu



Masibhale

Faka esimweni umbala osechashazini elikuso ukuze uthole ukuthi yisithombe sani lesi.









Masibale

Bhala phezu kwenombolo. Sebenzisa iminwe ukukhombisa inombolo ngayinye bese ulandela umugqa wamachashazi ukuthola inani lezinto elifanele.

1	
2	
3	
4	
5	



5.6



Masikhulume

Buka lezi zithombe usho ukuthi laba bantwana benzani uphinde usho ukuthi lokho bakwenza emini noma ebusuku yini. Faka ilanga umbala uma ubona ukuthi yisemini noma ufake inyanga uma ucabanga ukuthi yisebusuku.

Intombazana ilele.



Izingane zilindele ibhasi.



Intombazana iyabhukuda.




Umfana ubuka ithelevishini.



Amantombazana asesikoleni.



Abafana badlala ibhola lezinyawo.



Manje yisho ukuthi uzenza ngasiphi isikhathi lezi zinto.

ekuseni 

ntambama 

ebusuku 

UTHISHA: Ukusayina

Usuku









Masikhulume

Buka isithombe bese uxoxa ngalokho okubonayo.  
Sazi kanjani ukuthi yikwindla?

Namathisela  
izitikha  
ezikheleni  
ezifanele.

# Yikwindla



5.8



Masibhale

Sika ishadi unamathisele isandla, bese usjikisa ukukhombisa izikhathi ezingafani zonyaka. Tshela umngani ukuthi uthandani ngaleso sikhathi sonyaka.


### Intwasahlobo





### Ihlobo



### Ubusika



### Ikwindla



UTHISHA: Ukusayina

Usuku





Masenze lokhu

Sika ishadi unamathisele isandla, bese usjikisa ukukhombisa izikhathi ezingafani zosuku. Tshela umngani ukuthi wenzani ngaleso sikhathi.

Ithemu 2 – Isonto 6-10

Ekuseni





Emini

Ebusuku



Kusihlwa



5.10



Masibhale

Faka lesi sithombe umbala bese usho ukuthi ijiphi inkathi yonyaka.



Namathisela izitikha ezingamahlamvu ukuqedela isithombe sakho.



Igama lami ngingu-:

Large empty rectangular box for writing the child's name.

UTHISHA: Ukusayina

Blank box for writing the first name.

Usuku

Blank box for writing the day of the week.



# Izinto Engizisikile



3 ↔ 3 1 ↔ 1 2 ↔ 2 1 ↔ 1




## Izithombe zamadayisi:

Sika amakhadi ulandele amachashazi amnyama bese uqondanisa izinombolo nezithombe ezifanele.

## Iphazili:


Sebenzisa ingemuva lezithombe zamadayisi wakhe iphazili. Kuzokusiza ukwakha unqenqema lwangaphandle kuqala.



**Ukuqondanisa amakhadi:** Sika amakhadi ulandele amachashazi amnyama bese uqondanisa izinombolo namabhulokhi asekhadini 14.

## Umdlalo wokukhumbula:

Sika amakhadi ulandele amachashazi amnyama. Xova amakhadi uwabeke abeke phansi etafuleni. Yembula amakhadi amabili ngesikhathi. Uma evumelana wabeke eceleni. Thola ukuthi ngubani okwazi ukwenza lokhu aqede abeke eceleni wonke amakhadi kuqala. Sebenzisa ikhono lakho lokukhumbula udlale umdlalo wokushaya amakhadi nomngani wakho.



1



SIKA LAPHA

GOQA LAPHA




2

4




## Ukufunda izincwadi:

Landela imiyalelo wenze le ncwadi yokusikwa. Hamba nayo uye ekhaya uyoyif undela abangani bakho nomndeni wakho.



3



4



Masenze lokhu

Sika emachashazini ukhiphe ikhasi bese ulinamathisela ngeglu kukhava ngemuva wenze iphakethe. Gcina lapha izinto ezisikiwe ukuze zingalahleki.

IZINTO ENGIZISIKILE



SIKA LAPHA

SIKA LAPHA

SIKA LAPHA

SIKA LAPHA





1 | 4

3 | 4

3 | 1

2 | 4

3 | 2

1 | 2

1 | 2

5 | 1

2 | 3

1 | 2

2 | 4

5 | 3

3 | 5

5 | 4

2 | 5

1 | 5

3 | 2


5 | 2

5 | 2

1 | 4

3 | 2







11

12

13

14

15

16



17

18


19

20


ZULU 6,1.3



a b c d e f g h i j k l m



a b c d e f g h i j k l m





1

2

3

4

5


6


7


8

9

10








Sigibele.

6



Siyafunda.

3



Siyadlala.

2



7